

Isabelo sezimali sase-Gauteng 2006/07

Ukwethulwa kwesabelo sezimali seminyaka emithathu (MTEF) sikaHulumeni wesiFundazwe sase-Gauteng sika-2006/07 kukhombisa igxathu elibalulekile emizamweni yethu eqhubekayo yokubhekana nezifiso zabantu base-Gauteng ngendlela ejulile. Lesabelo sezimali se-MTEF sikhombisa izidingongqangi zombusazwe zesifundazwe. Sikhombisa ukuthi sizozaba kanjani izimali ezinhlelweni nasemisebenzini ethile ngokuhambisana nezidingongqangi esiye sazibekela zona ukuthi sizozenza ngesikhathi sisabusa okuyilezizinto:

- Ukuphumelelisa ukukhula komnotho kanye nokwakheka kwamathuba emisebenzi
- Ukulwa nobubha kanye nokwakha imiphakathi ephephile, evikelekile neyesekelekileyo
- Ukuthuthukisa impilo enhle, amakhono nokukhiqiza kwezomnotho kubantu
- Ukugxilisa umgomo wentando yeningi nokwakhiwa kwesizwe, kanye nokuphumelisa amalungelo abantu bethu
- Ukwakha uhulumeni onempumelelo nonakekelayo

Ngalesisikhathi esisabusa ngaso, siye sakhombisa inqubekela phambili ebonakalayo ekufinyeleleni kwizinjongo esiziphokophele. Isabelo sezimali sika-2006/07 sakhela kulempumelelo futhi sisivumela ukuthi siqhubekela phambili ekufinyeleleni kwizinjongo zethu. Isabelo sezimali salonyaka sandisa futhi izimali ezabelwa izinsiza zezehlakahle, ukuphucula ukwethulwa kwezinsizakalo kanye nenkokhelo yempahla yokuqhuba umsebenzi, ngaphandle kokungabheki izinselelo ezikhona nezilindelekile.

Izabelo esizenyusile zenkokhelo yempahla yokuqhuba umsebenzi ngesikhathi sesabelo sezimali ziqinisa kakhulu isibophu sethu sokuqhuba ukukhula komnotho, ukwakha amathuba emisebenzi kanye nokulwa nobubha. Lezizimali zenkokhelo yempahla yokuqhuba umsebenzi zizoqondiswa emisebenzini ephathelene nezingqalazizinda ezizosebenza njengesigqunguzelo ekwenyuseni ukukhula komnotho nokwakha amathuba emisebenzi.

Eceleni kwemizamo yokukhulisa umnotho, sizibophezele futhi ekwenyuseni imali esetshenziswayo kwizinsizakalo zezehlalakahle (social sector) ngokuthi sabe amaphesenti angu-80 esabiwomali sisonke kulo mkhakha wezenhlalakahle. Izimali ezisetshenziswayo zomkhakha wezenhlalakahle zizoqonda kwizidingongqangi esikhathini esiyiminyaka emithathu ezayo, kuhlanganisa nokusabalalisa kwezikhungo ezihlinzeka amakhambi okudambisa iNgculaza neSandulelangculaza ezigulini, kanye nokuqhubekisa uhlelo lokuvikela iNgculaza neSandulelangculaza.

Ngethemba ukuthi nizothola lencwadi iwusizo kakhulu egalelweni lokuba niqonde futhi nihlaziye kalula isabelo sezimali sesiFundazwe saseGauteng.



Paul Mashatile
ILunga loMkhandlu laseGauteng kwezeziMali

Kungani sidinga isabelo sezimali?

Isabelo sezimali yisu eliveza ukuthi zizosetshenziswa kanjani izimali ezikhona. Isabelo sisivumela ukuba sihlele ukusetshenziswa kwezimali ngendlela ezokwenza sifeze izinhloso esizibekele zona.

Sinesibopho sokugcina umphakathi wazisiwe ngokwenziwa nguhulumeni nokuthi izimali zisetshenziswa kanjani.

Ngokwethula isabelo sezimali siletha futhi isu lokusetshenziswa kwezimali okungakalwa futhi kuhlolwe ngalo ukwenza kukahulumeni.

Lelibhukwana lichaza isabelo sezimali saseGauteng sonyaka wezimali oqala mhlaka 1 April 2006 ugcine mhlaka 31 March 2007.

Yiziphi izinto ezibalulekile zesiFundazwe namasu alokho okuphokophelwe yisiGungu esiKhulu sikaHulumeni wesiFundazwe sase-Gauteng?

■ Ukuphumelelisa ukukhula komnotho kanye nokwakheka kwamathuba emisebenzi

Izinyathelo nezinhlelo ezimqoka

Ukusiza, ukuxhasa nokufaka imali:

- Kwizingqalasizinda ezibalulekile zomnotho ezibandakanya iGautrain Rapid Rail Link, i-Innovation Hub kanye neJohannesburg International Airport Industrial Park.
- Kwimikhakha yezomnotho emumatha abasebenzi abaningi nasekwandiseni kwimikhakha ekhulisa ithuthukise abasebenzi.
- Kwizindawo zezwe ezikhethiwe ukuze kuqhubekela phambili ukukhuliswa komnotho okusabalele nokukhuliswa komnotho wesifunda.
- Ekugqamiseni isifunda saseGauteng njengendawo ekhethekile yokutshala izimali, yokuhanjelwa yizivakashi, yamabhizinisi neyikhaya lemidlalo yokuncintisana.
- Ekwandiseni ukwakheka komnotho ngokuxhasa ukukhuliswa komnotho wabampisholo (BEE) nentuthuko yosomabhizinisi abafufusayo (SMME) okumbandakanya ukwakhiwa kwamathuba omsebenzi kubantu abazisebenzayo (self employment) nasekubambeni iqhaza kuxhaso ngezimali olubhekiswe kubantu besifazane kanye nentsha.
- Ekubambeni iqhaza elikhulu njengabathengi bempahla nezinsiza ukuze siqhubezele phambili lokho esikuphokophelele kwezomnotho kuhlenganisa nokweseka abakhiqizi basekhaya kanye nokunikezwa amandla ezomnotho kubantu abamnyama nabesifazane.
- Ekusebenzisweni ngokugcwele komhlaba wezolimo nasekuxhaseni abalimi abampisholo ngasemakhonweni, kwingqalasizinda kanye nasekufinyeleleni ezimakethe.
- Ekwenzeni isifunda saseGauteng sibe yindawo ebumbene futhi nesezingeni eliphezulu lokuncintisana nezwe lonke lapho okwenzekayo okuphathelele nomnotho ezingxenyeni ezechukene zesifundazwe kuhambisana ukuqinisa i-Gauteng njengesizinda sezomnotho e-Afrika nesifunda esiyidolobha esaziwa ezweni lonke.
- Isumgomo leNdondolobalo neNtuthuko yaseGauteng (Growth and Development Strategy - GDS) ehlose ukubhekana nenguquko kwezenhlahalakahle nomnotho esifundazweni, ukugcina ezombusazwe zisesimweni esifanelekile, ukwakha ingqalasizinda yombuso osebenzayo, ukukhulisa umnotho wesifundazwe kanye nokunciphisa amazinga aphezulu okwesweleka kwemisebenzi nobuphofu.

Ngoku:

- qinisekisa ukuthuthukisa inhlahalakahle nezomnotho esifundazweni okwakheleke ekuhleleni nasekuthuthukiseni okuhlangene, okwesekelileyo nokubamba iqhaza.
- hlinzeka ukukhula komnotho, ukwakha amathuba omsebenzi kanye nokuhambisa nalokho okuqondisiwe kwesifundazwe esikhathini esiyiminyaka eyishumi elandelayo yentando yeningi.

- kwakhela ekubuseni okubambisene kanye nobudlelwano phakathi kohulumeni.
- khulusa ubudlelwano kanye nokusebenzisana neminye imikhakha yomphakathi.
- bona amathuba emikhakha yonke yemiphakathi nezakhamuzi ukuthi zibandakanyeke ekwakheni kabusha nasekuthuthukiseni isifundazwe.

■ Ukulwa nobubha kanye nokwakha imiphakathi eqinile nesimeme

Izinyathelo nezinhlelo ezimqoka

Ukwethulwa kohlelo-jikele nolubumbene lwengqalasizinda ukuze kuqinisekiswa ukwakhiwakwezakhiwo zomphakathi. Loluhlelo luzoqinisekisa ukuthi:

- Izindawo ezisezintsha zokuhlala abantu zinazo zonke izidingo eziyofunwa ngumphakathi ngaphambi noma ngokushesha okukhulu emva kokungena kwabantu ezindlini ezintsha.
- Izakhiwo zomphakathi zingaguqukiwa uma umphakathi uguquka. Isibonelo, izikole kwimiphakathi esikhulile zingaphendulwa zibe yizindawo yokuhlanganela umphakathi; lezizinda kufanele zinakekelwe futhi zisetshenziswe ngokugcwele.
- Uhulumeni angakha izakhiwo kwizikhala ezingenazo izakhiwo noma kwizindawo ezenzelwe ukuthuthwa kwabantu; okuhlanganisa neziteshi ezihleliwe ze-Gautrain, ukuphucula ukufinyelela kwizinsizakalo kanye nokuqhakambisa ukuthuthukisa umnotho wasekhaya.
- Amakontileka (contracts) anikwa osomabhizinisi bendawo abancane nabasafufusa nanokusetshenziswa ngokugcwele kwabasebenzi uma kwakhiwa noma kunakekelwa izakhiwo.
- Uhlelo oLusabalele lweMisebenzi yoMphakathi (Expanded Public Works) luyasetshenziswa esifundeni saseGauteng, okumbandakanya ukuhlanganiswa kwezinhlelo ezivele zikhona zemisebenzi yomphakathi.
- Wonke umphakathi uthola zonke izinhlelo eziletha ukweneliswa kwezidingo zabo, okumbandakanya ukutholakala kwamahala kwenani elithile lamanzi nogesi. Into ebaluleke kakhulu ezokwenziwa kuqala kuzoba ukuhlinzeka amanzi kanye nokuhlanjiswa kokungcola, okubamba iqhaza elibalulekile ekuqhubekiseni impilo enhle.
- Ukwakhiwa kwezindlu ezinhlobonhlobo ezindaweni ezilungiswe kahle futhi ezizoletswa ngokusebenza ngokubambisana nomkhakha ozimele kanye nabanye ababambiqhaza. Ikusasa lamahhotela esifundazweni sethu nalo lizosombululeka.
- Ukwenziwa kwezindawo eziyimijondolo zibe kwisimo esiphephile nesilungele ukuhlala abantu ezindaweni ezilungiswe kahle.
- Ukuvuselelwa kwendawo yokuhlala engasemadolobheni okumbandakanya ukusebenzisana kwemikhakha yonke kahulumeni kanye nokutshalwa kwezimali zomkhakha kahulumeni nozimele ngezindlela ezandisa ukusizakala.
- Ukugqamiswa nenqubekelo phambili yemizamo yokukhulisa umnotho wendawo ukuze ihlinzeke imisebenzi, yakhe ingqalasizinda yomphakathi nokuqinisekisa ukutholakala kwamathuba emiphakathini, ikakhulukazi emiphakathini eyeswele kakhulu. Uhulumeni uzobheka ekuhleleni bese eqondisa ukutshala kwakhe izimali ezindaweni ezithile ukuze andise

usizo lwakhe.

- Ukwenziwa nokusetshenziswa kwesumgomo elizosingatha ezokuphathwa kwezithuthi zomphakathi elandisa ukufinyelela kwizithuthi eziphephile nezingabizi, elinciphisa ubude besikhathi sokuhamba kwabantu nezimpahla esifundazweni sethu nasezindaweni ezingaphandle futhi elinciphisa umthelela ongemuhle wezithuthi ezidumayo kwimvelo.
- Ukwenziwa kwesimo esiphephile nempilo ehlanzekile yomphakathi ngokunciphisa ukwakheka kwadoti, ukusetshenziswa kwezinto ezingavuseleleki nokubhekana nokunukubezwa komoya namanzi kanye nomhlabathi wethu.
- Ukubambisana nemiphakathi kanye namaphoyisa ukuqinisekisa ukuphepha emigwagweni, emakhaya, emisebenzini nasezikoleni, ikakhulukazi kwabesifazane nezingane.
- Ukuphepha emigwagweni yaseGauteng ngokuqashelwa kwezithuthi ngendlela efanele

■ Ukuthuthukisa abantu abanempilo, abanamakhono nabakhiqizayo Izinyathelo nezinhlelo ezimqoka

- Ukukhuthaza ukudliwa kokudla okunomsoco nokuphila impilo enhle neyamkelekile.
- Izinhlelo ezivikelayo neziphilisayo ezizovikela ukugula nokufa njengodhlame, izingozi zomgwaqo, ingcindezi, iNgculaza neSandulelangculaza, indlela engeyinhle yokuphila kanye nokuphuzwa kotshwala ngokwedlulele.
- Ukuhlinzekwa kwezinhlelo ezinakekelayo nezakha izinga lempilo eliphezulu ngo:
 - kunciphisa izikhathi zokulinda
 - kwenzangcono izinsiza ezihamba phambili
 - kuvuselela ingqalasizinda yezempilo
 - kubhekela ngokwezimali ongoti bethu bezempilo nabasebenzi
 - kuhlomisa imiphakathi yakithi ngolwazi nangemfundo yezempilo
- Ukuhlanganiswa kwezinhlelo zezinsizangqala zezempilo (primary health care services) ukuze zikwazi ukubhekana nezifo ezejwayelekile, ukwakha ukubamba iqhaza komphakathi kanye nokuvumela ukusebenza ngokuhlanganyela kwemikhakha eyahlukene.
- Ukutshala izimali kwizingane ngokuphucula izinsiza eziqondene nokukhuliswa kwezingane.
- Ukuhlanganiswa nokukhushulwa kwezinga lemfundo kwizikole zomphakathi ukuze zonke izingane esifundazweni sethu, ikakhulukazi ezeswele kakhulu, zithole imfundo esezingeni eliphezulu.
- Ukwakhiwa kwamakhono kubantu, ikakhulukazi kwintsha, ngokukhuphula izinga lemfundo nokuqoqosho olwengeziwe (further education and training) nokuqhutshezwana kwezinhlelo zokufundisa ngomsebenzi (learnerships).
- Ukuqinisekisa ukufunda okuqhubekayo okumbandakanya ukukhushulwa kwezinga lemfundo noqoqosho lwabantu abadala (adult basic education and training), ukuqeqesha kabusha nokufundisa kabusha amakhono, ukunikeza labo abasheshe bashiya isikole noma abadilizwa emsebenzini ithuba lesibili.
- Ukuxhumanisa izimboni zemisebenzi, izikhungo zemfundo ephakeme, izikhungo zamakhono

kanye nayo yonke imikhakha kaHulumeni ukuqinisekisa ukuqondana phakathi kwezidingo zemisebenzi nabantu abanamakhono aleyomisebenzi, ikakhulukazi leyomisebenzi edingekayo kumnotho osakhula.

■ Ukuqinisekisa intando yeningi nomgomo wamalungelo abantu

Izinyathelo nezinhlelo ezimqoka

- Ukuvikela ukuhlukumezeka komphakathi (social crime) nokulungisa izinsusa zobudlova nokuhlukunyezwa ikakhulu kwabesifazane kanye nezingane.
- Ukuthuthukisa intsha ukwandisa amathuba entsha okufaka isandla kwezomnotho futhi ibone amakhono ayo ekwenzeni izinto, okuhlanganisa ukubamba iqhaza kwezemidlalo, ezobuciko namasiko.
- Ukwatha abesifazane ngezinhlelo zikahulumeni ezisusa zonke izinkinga ezingqabela abesifazane ukuthi nabo bafake isandla kwezomnotho nasemphakathini.
- Ukusebenzisa izinhlelo zobuciko, amasiko, ezemidlalo kanye nezokungcebeleka ekwakheni isizwe kanye nobumbano nozwano.
- Intuthuko yezemidlalo njengohlelo olubalulekile, hhayi ngenhloso yokwakha impilo enhle kuphela, kodwa nokwakha isizwe nentuthuko kwintsha.
- Ukugqogquzela ukubamba iqhaza komphakathi, ngokubizwa kwezimbizo, umkhankaso wokukhulumisana, nemihlangano yemiphakathi kanye nokuqinisa umsebenzi weSishayamthetho.
- Ukuhlanganisa ukusebenza kwentando yeningi kuyo yonke imikhakha yokubusa ngokuqinisa ukubamba iqhaza kwabantu bethu emihlanganweni njengeyamakomidi amawadi, izigungu eziphethe ezikoleni kanye nabantu basemphakathini abasebenzisana namaphoyisa.

■ Ukwakha uhulumeni onempumelelo nonakekelayo

Izinyathelo nezinhlelo ezimqoka

- Ukuhlinzeka umphakathi ngezinsiza ezibumbene neziseqophelweni ezivela kuhulumeni onempatho enhle. Lokhu kuhlangukisa ukususa izihlabe ekwethulweni ngempumelelo kwezinsiza, ukuqinisekisa ukuthi izinsiza zisimeme futhi zenyusa ukubhekana kukahulumeni nezikhalelo kanye nezinkinga kwizakhamizi.
- Akubakhona kwabasebenzi bakahulumeni abenele ukusiza umphakathi
- Ukufinyelela komphakathi kalula kuhulumeni
 - Ngokwenza kutholakale ulwazi ngezinsiza zahulumeni
 - Kukhushulwe ukuxhumana phakathi kukahulumeni nemiphakathi yonke
 - Uma kunezikhalazo eziphuma kumphakathi uhulumeni azilalele azilungise.
- Ukusetshenziswa kwezinhlelo zikahulumeni ngobuqotho ukwenelisa umphakathi.
- Ukungamukeleki kwenkohlakalo nobukhonyovu kwimikhakha kahulumeni
- Kusetshenziswa futhi kuxhaswane nomasipala ukuxhasa ukuletha izinguquko.

Siyitholaphi imali yethu?

Isabelo sikaZwelonke

Izigidigidi eziwu R32,106 (94,8%)



Imali eqoqwa nguhulumeni
wesiFundazwe sase Gauteng

Izigidigidi eziwu R1,758

(5,2%)

Ukwabiwa

kwamasheya

alinganisiwe

kaZwelonke

Izigidigidi eziwu

R23,362 (69%)

Izimali ezinemibandela

Izigidigidi eziwu R8,744

(25,8%)

Ezinye izinkokhelo
ezigunyazwe umthetho

Izigidi eziwu R40,4



ISIYONKE IMALI ENGENAYO

Izigidigidi eziwu R33,824

Imithombo yemali engena kwisifundazwe




Izintela
zokugembula
nokubheja Izigidi
eziwu R372,4
(21,2%)




Izimali
ezikhokhwa yiziguli
Izigidi eziwu R184,5
(10,5%)



IMALI ENGENA KWISIFUNDAZWE
Izigidigidi eziwu R1,758



Amalayisensi ezimoto
Izigidi eziwu R938
(53,3%)



Eminye imithombo
Izigidi eziwu R263,1
(14,8%)

Siyisebenzisa **kanjani** imali yethu?

Icazwa ngononina



Ezempilo

Izigidigidi eziwu
R10,404 (30,2%)



Iziko

Lokuthuthukiswa
Komphakathi
Izigidi eziwu R982
(2,8%)



**ISABELO SEZIMALI
SESISONKE**


Izigidigidi eziwu R34,460



**EzokuThuthwa
koMphakathi,
imiGwaqo
nemiSebenzi**
Izigidigidi eziwu
R6,225 (18,1%)



Ezezindlu
Izigidigidi eziwu
R2,081 (6,1%)



Okunye
Izigidi eziwu
R 2,486
(7,2%)

Siyisebenzisa **kanjani** imali yethu?

Ukucazwa ngezingxenye zezomnotho



**ISABELO SEZIMALI
SESISONKE
Izigidigidi eziwu R34,460**

Izinkokhelo eziqhubekayo
Izigidigidi eziwu
R22,349 (64,9%)

Izimali ezidluliselwa kwezinye
izindawo nemixhaso
Izigidigidi eziwu R9,563 (27,7%)

Ukukhokhelwa kweMpahla
okusetshenzwa ngayo
Izigidigidi eziwu R2,548 (7,4%)

Ukuhlelwa kwezindleko ngokwahlukahluhana



**ISABELO SEZIMALI
SESISONKE
Izigidigidi eziwu R9,563**


Izimali ezidluliselwa kohulumeni
basekhaya
Izigidi eziwu R675 (7,1%)

Izimali ezidluliselwa kwizakhamizi
Izigidigidi eziwu R2,146 (22,4%)


Izimali ezidluliselwa
kwizinhlangano ezingaphandle
kukahulumeni
Izigidigidi eziwu R1,824 (19,1%)

Ezinye izimali ezidluliswayo
Izigidigidi eziwu
R4,918 (51,4%)

Ukusetshenziswa kwezimali **Kubasebenzi**



Ngokufingqiwe Izimali zokuqhuba umsebenzi ngomnyango ngamunye



Imikhankaso eyisiPesheli

Indawo kaHulumeni wesiFundazwe sase-Gauteng

Izigidi eziwu R71

Cradle of Humankind

Izigidi eziwu R46

Gauteng Online

Izigidi eziwu R200

Ingqalasizinda yezobuchwepheshe
yesifundazwe (Ukubusa
ngokusebenzisa
ezobuchwepheshe)

Izigidi eziwu R98

Blue IQ

Izigidi eziwu R79

Gautrain

Izigidigidi eziwu R4,6

Uhlelo lovuselela
i-Alexandra

Izigidi eziwu R172

Izinhlelo zokuphepha emgwaqeni

Izigidi eziwu R31

Dinokeng

Izigidi eziwu R94



ISABELO SEZIMALI

SESIONKE

Izigidigidi eziwu

R2,140

Izinhlelo ezikhethekile: ISumgomo leNdlondlobalo neNtuthuko yaseGauteng

Indlela yokuhubela phambili ezomnotho zase-Gauteng

Izigidi eziwu R80

Izimboni zobuciko

Izigidi eziwu R14,5

Ukutshala izimali, ukukhuthaza kanye nokuthuthukiswa kwezomnotho

Izigidi eziwu R10

Blue IQ

Izigidi eziwu R20

Izinhlelo zalokho okwashiywa abangaphambili

Izigidi eziwu R60

Isu lezobuchwepheshe namasiko

Izigidi eziwu R3,5

Isu lezolimo

Izigidi eziwu R14

Amalokishi angama-20 okuqala abalulekile

Izigidi eziwu R20

Ukuphathwa kwezokuthutha ngobuhlakani

EzokuThuthwa koMphakathi, imiGwaqo nemiSebenzi – Izigidi eziwu R54

UkuPhephiswa koMphakathi – Izigidi eziwu R25

Indawo lapho kushayelwa

khona uHulumeni wesiFundazwe

sase-Gauteng ucingo Izigidi eziwu R29



**ISABELO SEZIMALI
SESISONKE**

Izigidi eziwu R330

Siwandise **kuphi** umthamo wokusetshenziswa kwezimali?

Umnyango	Isabelo sezimali esibuyekeziwe 2005/06	Sihlela ukuchitha imali engakanani kulonyaka 2006/07	Sandise/ sinciphise kangakanani
	R Izigidigidi	R Izigidigidi	%
Ezemfundo	10,807	12,282	13,6%
Ezempilo	9,841	10,404	5,7%
Iziko Lokuthuthukiswa			
Komphakathi	860	982	14,2%
Ezezindlu	1,764	2,081	18%
EzokuThuthwa koMphakathi, imiGwaqo nemiSebenzi	2,088	6,225	198,1%
UkuPhephiswa koMphakathi	181	220	21,5%
UHulumeni wasKhaya	129	160	24,2%
Okunye	1,909	2,106	10,3%
Sesisonke: GPG	27,579	34,460	24,9%

